

Basabisa ngokungena ngodli emafulethini

SABELO NSELE

ABAHLALI basemijondolo yakwaJika Joe, eMgungundlovu, sebesabise ngokungena ngodli emafulethini kahulumeni angakaqedwa ukwakhiwa.

Lokhu kulandela ukuthi amakhulu abahlali bakule ndawo esale dengwane ngemva kokuthi umlilo ushise imijondolo elinganiselwa ku-500 ngesonto eledlule.

Alamungu omphakathi athi asekhathele wukulinda izindlu njengoba imijondolo ihlezi isha, asabisa ngokungena ngendlovuyangena emafulethini kahulumeni.

Amafulethi angakabi nawo amanzi, ugesi nophahla, azoqashisa ngemali encane.

Omunye wabahlali uMnuz Siphon Ndlovu, uthi sebelinde isikhathi eside ukuthola izindlu.

"Njalo sithenjiswa izindlu kodwa isikhathi siyaqhubeka kungenzeki lutho. Yingakho abahlali sebenqume ukuthi sivele singene ngenkani.

"Sikhathele wukushelwa yimpahla yethu," kusho uNdlovu.

Nakuba ezinye izakhamuzi seziqale phansi zakha imijondolo yazo kepha iningi lisaqube emahholo omphakathi.

UMnuz Thomas Banda, uthi akazi ukuthi uzowathaphi amandla okwakha kabusha umjondolo wakhe njengoba alahlekelwa yikho konke.

Ikhansela uNksz Sureya Reddy, lithi akufanele abahlali bangene emafulethini ngoba izinsiza kaziphelele.

"Okuyinkinga wukuthi noma ngabe kuthiwa izindlu seziqediwe, akusiwo wonke umhlali wakwaJika Joe ozongena kuzo kwazise kunemigomo ebekiwe okumele abazongena kuzo bayilande."

Okhulumela uMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu KwaZulu-Natal, uMnuz Mbulelo Baloyi, unxuse ukuthi kuqiniseke ezokuphepha.

"Njengohulumeni ngeke sivume ukuthi kungenwe ngenkani ezindlini eziqashisayo kumasipala ofanayo njengoba kwenzeka futhi ezindlini ezise-Aloe Ridge."

Amafulethi ase-Aloe Ridge angaphezu kuka300 athathwa abangamasosha ayelwa nobandlululo ngaphansi kwezinhlangano i-ANC ne-Azapo.

Okhulumela umasipala uMsunduzi, uNksz Thobeka Mafumbatha, uthi ezokuphepha seziqiniseke ezakhiweni ezingakapheli.

"Abekho abantu asebenge emafulethini futhi ezokuphepha ziqiniseke. Ukwakha kabusha eminye imijondolo kuyaqhubeka.

"Abahlali basemijondolo okwamanje bahlaliswe ehholo lomphakathi lapho bethola khona ukudla nezingubo zokulala."

Okhulumela uMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu KwaZulu-Natal, uMnuz Mbulelo Baloyi, unxuse ukuthi kuqiniseke ezokuphepha.

ISOLEZWE ARTICLE

TUESDAY, 29 SEPTEMBER 2020

PAGE 4